


Sekudlule iminyaka eminingi Competition Commission iphenye izikhalazo eziningi ezivela kubazali nakubanakekeli ezibhekiswe ezikoleni kanye nakubahlinzeki beyunifomu yesikole. Abazali bakhononda ikakhulukazi ngezinto ezimbili:

1. intengo ephezulu yeyunifomu yesikole; kanye
2. nokuthi ezinye izikole ziphoqa abazali ukuthi bathenge iyunifomu nezinto ezihlobene nokufunda kumhlinzeki oyedwa kuphela.



Lokhu kuziphatha kushiye abazali bengenamali ekuqaleni konyaka ngamunye wesikole futhi kubenza bazizwe bekhungathekile ngoba abatholi umhlinzeki oshibhile weyunifomu yesikole.




## Lomhlahlandlela wokuthengwa kweyunifomu yesikole nezinto zokufunda uhloselwe:

- usize izikole, abazali kanye nama-SGB ukuqonda izinzuzo zokuncintisana ekuthengisweni kweyunifomu yesikole nezinto zokufunda;
- usize izikole ukuthi zikhuthaze ukuncintisana phakathi kwabahlinzeki beyunifomu yesikole nabezinto zokufunda;
- ukhuthaze abazali ukuthi babambe iqhaza futhi basebenzise ilungelo labo lokukhetha izindleko; futhi
- ukhuthaze ama-SGB ukuthi athuthukise izinqubomgomo ezikhuthaza izindlela zokuthenga ezikhuthaza ukuncintisana.

Uma izikole, abazali nama-SGB bebambisene, bangehlisa intengo yeyunifomu yesikole nezinto zokufunda.

## Kungani umncintiswano ubalulekile ekuthengeni iyunifomu yesikole nezinto zokufunda?

Lapho abahlinzeki beyunifomu yesikole nezinto zokufunda bencintisana ngamakhasimende, bahlala bekhuthazeka ukuthi bathuthukise ikhwalithi yabo futhi behlise amanani abo ukuze bakhange abathengi. Ngeshwa, umasingenzi lokho: lapho abahlinzeki bengancintisani futhi beqinisekiswa ukuthi bazothola amakhasimende esikoleni - mhlawumbe ngenxa yokuthi izidingo zeyunifomu yesikole zehlukile noma ngoba isikole sinesivumelwano esikhethekile nomhlinzeki oyedwa – ngakho baphelelwa inkuthalo yokuthuthukisa ikhwalithi noma ukuthola izindlela zokwehlisa amanani abo.

Ngokuhamba kwesikhathi, ukuncintisana kuzibonise kuyindlela ephumelelayo yokugcina abahlinzeki bethuthukisa ikhwalithi engcono kakhulu ngentengo ephansi kakhulu. Competition Commission ikhona ukuthi ithuthukise umncintiswano kule makethe futhi iqinisekise ukuthi amakhasimende ekugcineni azuza izinzuzo zomncintiswano: ikhwalithi ehamba phambili ngentengo ephansi kakhulu.

### *Okungenziwa izikole ukwehlisa intengo yeyunifomu yesikole*

Ukwemukela abanye, ungabachilizi

Sabalalisa amathuba

Nciphisa, usebenzise kabusha futhi vuselela

Sebenzisa ukuncintisana ngokuBhida



- ***Ukwemukela abanye, ungabachilizi:*** izikole kufanele zenze iyunifomu yazo yesikole ibe ejwayelekile ngokungokwenzeka ukuze abazali bangayitholi kumhlinzeki oyedwa kuphela;

- ***Sabalalisa amathuba***: izikole kufanele ziqoke noma zikhethe abahlinzeki abaningi beyunifomu yesikole ngokungokwenzeka ukuze amakhasimende akwazi ukukhetha kwabaningi;

- ***Nciphisa, usebenzise kabusha futhi vuselela***: inani lezinto ezikhethekile ezivela kwiyunifumu yesikole kufanele lilinganiselwe kokudingekile kuphela, futhi uma kungenzeka, lezinto ziphinde zisetshenziswe ukunciphisa izindleko eziphindaphindiwe nokusaphaza. Kodwa lokhu akukhuthazwa ngezikhathi ezingaqinisekile zobhubhane lweCovid-19; futhi

- ***Sebenzisa ukuncintisana ngokuBhida:*** uma izikole kufanele ziqoke abahlinzeki abakhethekile, kufanele bakwenze lokho ngemuva kwenqubo yokuncintisana yokubhida futhi kufanele bashintshe abahlinzeki njalo.

## *Okungenziwa ngabazali ukwehlisa intengo yeyunifomu yesikole*

Iya ezitolo ezihlukahlukene



Gqugquzela futhi khuthaza



Qaphela



- ***Hlonipha:*** Iya ezitolo ezihlukahlukene: abazali kufanele basebenzise ilungelo labo lokukhetha futhi bakhuthalele ikhwalithi efanayo ngentengo ephansi;
- ***Gqugquzela futhi khuthaza:*** abazali kufanele bakhuthaze izikole zabo ukuthi zisebenzise imikhombandlela Competition Commission ekuthengeni iyunifomu yesikole futhi basayine isibopho kulokhu. Lamaphepha anezincazelo ayatholakala kwi-website Competition Commission; futhi
- ***Qaphela:*** abazali kufanele basazise nganoma iziphi izikole ezingayilandeli le mihlahlandlela futhi ziqhubeka nokusayina izivumelwano ezikhethekile nabahlinzeki beyunifomu yesikole.

## *Okungenziwa yi-SGB ukwehlisa intengo yeyunifomu yesikole*

Ikobele molao



Qaphela



- ***Hlonipha:*** Ama-SGB kufanele aqinisekise ukuthi izikole zawo zisebenzisa imigomo Competition Commission ngokuthengwa kweyunifomu yesikole. Kufanele futhi basayine isibophezelo sokuzithandela maqondana nalokhu, njengesifungo somphakathi sokuzibophezela kwabo ekuthobeleni imithetho yokuncintisana. Lamaphepha anezincazelo ayatholakala kwi-website Competition Commission; futhi
- ***Qaphela:*** Ama-SGB kufanele asibikele noma yiziphi izikole ezingayilandeli le mihlahlandlela futhi ziqhubeke nokusayina izivumelwano ezikhethekile nabahlinzeki beyunifomu yesikole.

## UBIKA KANJANI

Izikhalazo zingafakwa kwiKhomishini ngenye yezindlela ezimbili ezilula:

***Gcwalisa iFomu CC1 elifushane,*** ongalithola ku-www.compcom.co.za, bese unamathisela incazelo emfushane yesikhalazo sakho. Ngemuva kwalokho thumela ifomu nencazelo ku-imeyili ccsa@compcom.co.za; noma

***Thumela iWhatsApp*** *ku-084 743 000 enencazelo emfushane ngesikhalazo sakho*

*Lo mhlahlandlela unyatheliswe ngoJulayi 2021*